

UMKHOMBANDLELA WOLUNTU

ISSUED BY:
National Treasury: Tel. (012) 315 5757
SARS: Tel. (012) 422 6127
www.treasury.gov.za | www.sars.gov.za

national treasury
Department
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SARS
At Your Service

YINI ISABELO SEZIMALI ?

Njalo ngonhlonjani, uNgqongqoshe wezezimali wethula izinhlelo zeminyaka emithathu elandelayo zesabelo sezimali, ukuqoqwa kwentela kanye nokwebolekwa kwemali ezimakethe zezimali kuleli naphesheya kwezilwandle. Ungqongqoshe uphinde achaze indlela okuhloswe ngayo ukusetshenziswa kwemali eyabelwe iminyango kahulumeni wesizwe, ohulumeni bezifundazwe kanye nomkhandu-dolophu.

UTSHALOMALI KWINGQALASIZINDA LUVULA AMATHUBA ENTUTHUKO



Ukuthuthukisa izidingo zokuphila futhi kwenyuswe namandla ezomnotho, UHulumeni uzotshala uR827 bhiliyoni kuleminyaka emithathu ezayo ukuze kwakhiwe kuphindwe kuphuculwe ingqalasizinda ukuze ibe sezingeni eliphezulu.

Lolutshalomali luzothuthukisa izimpilo zomphakathi waseNingizimu Afrika ngokuthi wonke umuntu akwazi ukuthola izizinda zezempilo, izikole, amanzi ahlanzekile, izindawo zendle ezihloniphekile, izindlu kanye nogesi. Kanjalo utshalomali ekwakhiweni kwamacweba, imigwaqo, ukusebenza kwezitimela, izinhlelo zikagesi, izibhedlela, izikole kanye namadamu kufukula umnotho. Isamba esikhulu salolutshalomali kuleminyaka emithathu ezayo sizoqhubeka siqhamuke enkampanini ephelela ugesi, u-Eskom, ezotshala u-R205.1 wamabhiliyoni. Isiteshi esisha sokuphelela ugesi, iMedupi, kulindeleke ukuba iqale ukusebenza ngonyaka ozayo, kuthi easeKusile sona siqale ngo-2015.

Ukuthuthukisa imigqazo kazwelonke ukuze kwandiswe ukuphepha emigwaqeni, UHulumeni usebeke eceleni uR32.9 bhiliyoni kuleminyaka emithathu ezayo. Ngaphezu kwalokho, uR27.6 bhiliyoni uzonikezwa ohulumeni bezifundazwe ukuze bathuthukise imigwaqo engaphansi kwabo. UHulumeni

usebeke eceleni uR2 bhiliyoni ukuze kuthuthukise imigwaqo esetshenziswa ukuthutha amalahlle esuswa ezimayini esiwa eziteshini eziphela ugesi zakwaEskom eMpumalanga.

Ukugcina izimpilo zezakhamizi zisezingeni eliphezulu kubalulekile ukuthi izakhamizi zakuleli zithole amanzi ahlanzekile, futhi zihlale ezindaweni ezikhucululekile. Ukuqiniseka ukuthi lokhu kuyenzeka UHulumeni uzokwakha, andise futhi athuthukise amadamu. Ngaphezu kokuvuselela amadamu ayi-15, UHulumeni uzokwakha ayisikhombisa bese andisa awase Hazelmere, eClanwilliams, eTzaneen kanye naseNwamitwa. UHulumeni usebuye wabeka isamba esiyizigidi ezingu-R150 ukuphuculula amanzi angcoliswa yizimayini.

Ukufeza izifiso zikaHulumeni zokuthi labo abathola imihlo ephansi nabo bawathole amathuba ezindlu, UHulumeni uzosebenzisa uR3 bhiliyoni kuleminyaka emithathu ezayo ukwakha izindlu zamanani aphansi ezizoqashwa yilabo abahlala emadolobheni. UR30.3 bhiliyoni uzosetshenziselwa ukuphuculula imijondolo ekuMkhandu-dolophu. Phezu kwalokho, uR1.1 bhiliyoni uzothuthukisa lawomadolobhana akhelene nezimayini.

Ukuze kwakhiwe kabusha izikole ezingekho ezingeni eligculisayo (iningi lazo ezakhiwe

ngodaka), UHulumeni ubeke eceleni isamba esingu-R8 bhiliyoni. Lesamba sizokwakha kabusha izikole ezingu-496, kufakelwe amanzi ezikoleni ezingu-1 257, kukhucululwe izikole ezingu868 bese kufakelwa ugesi kwezingu878.

Lokuthuthukiswa kwezikole kuhambisana nezinhloso zohlelo lwentuthuko kazwelonke, okuthiwa phecelezi iNational Development Plan, ezithi makuthi kushaya unyaka ka-2016 zonke izikole zibe sezinengqalasizinda esezingeni eliphakeme.

UHulumeni bezifundazwe baphinde babelwa ngesamba esingu-R23.9 bhiliyoni ukuze bakhe, bathuthukise futhi baphuculule ingqalasizinda ezikoleni. Ngaphezu kwalokho, UHulumeni usebeke eceleni isamba esingu-R6.5 bhiliyoni ukuze kwakhiwe izikhungo zemfundo ephakeme amasha ezifundazweni zaseKapa eseNyakatho kanye naseMpumalanga. Lesamba sizophinde sisetshenziswe ukuphucula izindawo zabafundi nezisebenzi ezikhubazekile kuzo zonke izikhungo zemfundo ephakeme.

Nengqalasizinda yezempilo nayo izoqhubeka ihlomule njengoba UHulumeni esebekwe eceleni isamba esingu-R29.5 bhiliyoni. Lesamba sizokwabelwa oHulumeni bezifundazwe ukuze bathuthukise ingqalasizinda ezibhedlela zezifunda namarijini.

INGQALASIZINDA ISIPHUCULE IMPILO ENEWCASTLE

Ngaphambi kokwakhiwa kwebhuloho elisha eNewcastle, u**SIBONGILE SERIBE** ubesebenzisa uR20 ngosuku egibela itekisi eya futhi ebuya emsebenzini. Kodwa manje usehamba ngezinyawo eya efemini. "Uhambo lemizuzu eyishumi nesihlanu nje kuphele, kanti futhi ugesi okhanya bha wenza uhambo luphephe ngisho ebusuku," kusho uSibongile. Lelibhuloho lixhumanisa ilokishi kanye nedolobha, liphinde futhi landise imali yabagibeli ngoba nentengo yokugibela amatekisi seyehlile. UMshayeli wamatekisi u**SIPHO MLOTSHWA** uthi umgwaqo omdala wawucinene futhi uyingozi. "Wawunjika eliyingozi kabi neseladala izingozi ezining. Enkulu kunazo zonke yenzeka ngo-1997 ngenkathi kutholana phezulu i-truck nebhasi lesikole. Lengozi yedlula nemiphefumulo engamashumi abathathu yabantwana besikole. Lelibhuloho elisha lakhiwe khona impela la kwehla khona.



Ikhasi

2



1. Umlayezo kangqongqoshe
2. Ukubhubhisa ubuhlwempu nokunciphisa izinga loqhekeko kwabantu

Ikhasi


3



1. Impatho ephezulu yezempilo yabo bonke
2. Iloqoqoshi lami?
3. Izosebenza kanjani lemali?

Ikhasi

4



1. Uhlelozimali olubonelela abakhokhi ntele
2. Intelu ehlongozwayo
3. Imali yezentlalakahle

LIBE UMTHOMBO WOLWAZI?
LELIPHEPHA KUWE
SMS Yebo noma Cha ku
44112
I-SMS ngayinye ibiza 50c.



UMLAYEZO KANGQONGQOSHE

UKUQEDWA KOBUBHA KANYE NONKUNCIPHISWA KOKUNGALINGANI NGOKWEZOMNOTHO

BAHLALI BASEMZANSI AFRIKA

Ningizimu Afrika inohlelo lokushintsha isimo somnotho wezwe elingasiza ukwehlisa izinga lokuswela kwemisebenzi, ububha kanye nokungalingani kwabantu ngokwezomnotho. Kodwa ke ukuze loluhlelo lube yimpumelelo kudingeka isizwe sonke sibambisane. Masingagcini nje ngokukhomba okungahambi ngendlela noma sihlangoze izixazululo kuphela, kodwa masisebenza sonke ngokuzikhandla ukuze sakhe iNingizimu Afrika enempumelelo.

Masicaphune amazwi kaMongameli wezwe uJacob Zuma lapho ethula inkulumbo yesimo seSizwe. Uthe uhlelo lwentuthuko kazwelonke (phecelezi olubizwa nge-National Development Plan) "lukhomba indlela ebheke eNingizimu Afrika lapho sonke singabahlali balelizwe siyoba namanzi, ugesi, izindawo ezihlanzekile, imisebenzi, izindlu zokuhlala, intilaspoti, ukudla okwanele okunomsoco, imfundo, lapho siyophepha, siyoba nezinga eliphezulu lezempilo bese futhi sibenezokuzithokozisa kanye nemvelo ehlanzekile."

Ukukhumbuzana, nazi ezinye zezinjongo uhlelo lwentuthuko kazwelonke (NDP) oluzibeka njengezibalulekile:

- Ubumbano lwabo bonke abahlali baseNingizimu Afrika ekufezeni intuthuko yawo wonke umuntu kanye nokulingana ngokomnotho
- Ukugqugquzela abahlali ukuba bakhuthalele ukuqinisa intuthuko yabo kanye nombuso weningi
- Ukukhulisa ngokushesha amandla omnotho, izinga lokutshalwa kwezimali kuleli kanye nokwanda kwamathuba emisebenzi
- Ukubhekisa amakhono abahlali kanye namandla okwenza kaHulumeni
- Ukwakha UHulumeni onamandla okwenza nohlose intuthuko
- Ukukhuthuza ubuhlobo obuqotho kuyo yonke imikhakha ezweni ukuze kubenobambiswano ekuzazuleni izinkinga zomphakathi

Ukuze kube nenqubekela phambili kulezi nezinye izinjongo ezibalulwe kwiNDP, kudingeka sishintshe indlela esenza ngayo izinto. Kumele sibhekane ngqo nezihibe ezibambezela inqubekela phambili. Masibe nethemba futhi. Uma sisebenzisa iziphiso zethu ezehlukene futhi sibambana ngezandla siyohlomula ngomnotho onamandla sibuye siphucule izinga lempilo yethu. Lokhu kunganciphisa kakhulu izinga lobubha futhi kudale namathuba emisebenzi ephucuzekile.

Pravin Gadhvan



UHulumeni usebenzisa ngaphezulu kuka hafu wesabelo sezimali kwezempilo, imfundo, izindlu, ezokuthutha kanye nezindawo zokwenwaba kwemiphakathi. Loku kuveza ukuzinikela kwaHulumeni ekunciphiseni ububha kanye nokungalingani ngokomnotho.

Ukubhekana ngqo nobubha UHulumeni ubeke eceleni isamba esingu-R113 bhiliyoni sokuxhasa labo abampofu onyakeni ka2013/14. Lesamba sizokwenyuka sifike ku-R129.5 bhiliyoni ngonyaka ka2015/16. Inani labantu abathola loluxhaso lizokwenyukela ezigidini ezingu-16.1 kunyaka ka 2012/13, liye ku-17.2 ngonyaka ka 2015/16.

Ukunciphisa ithuba okungalingani ngokwezomnotho kanye nokwehlisa izinga lobubha, UHulumeni uzonyusa isibalo sezikole lapho abafundi befunda mahala, futhi uzokwandisa imali yokuxhasa abafundi ngokudla. Ngonyaka odlule abafundi abalinganiselwa kumaphesenti angu-70, ababefunda ezikoleni angingu-20 688, bafunda mahala, kanti izingane ezibalelwa ezigidini ezingu-8.8 zathola ukudla nsuku zonke zisesikoleni. Kuleminyaka emithathu ezayo, UHulumeni uzobhekana nqo nokuthuthukisa izinga lokudla okunikezwa izingane ezikoleni.

UHulumeni uphinde abonelele abaphofu ngezidingo zempilo ezifana namanzi ahlanzekile, ugesi, kanye nezinye izidingo eziphathelene nenhlazeko. Lezidingo, ezizodla isamba esingu-R28 wamabhiliyoni ngonyaka ka-2013/14, zitholakala mahala komasipala. Uhlelo lokubalwa kwabantu olwenziwe ngo-2011 luveze ukuthi imindeni

Ukunciphisa igebe okungalingani ngokwezomnotho kanye nokwehlisa izinga lobubha, UHulumeni uzonyusa isibalo sezikole lapho abafundi befunda mahala, futhi uzokwandisa imali yokuxhasa abafundi ngokudla

engaphezu kwamaphesenti angu-36 ithola amanzi ahlanzekile amahala, engamaphesenti angu-26 ithola ugesi, kuthi engamaphesenti angu-23 ihlomula ngezidingo eziphathelene nenhlazeko. Ngaphezu kwalokhu UHulumeni uzokwakhela abahola ngaphansi kuka-R3500 ngenyanga izindlu ezingu-409 143 kuleminyaka emithathu ezayo. UHulumeni uzophinde axhumanise iziza ezingu-244 699 nezidingo ezifana namanzi kanye nogesi.

Kuleminyaka emithathu ezayo UHulumeni uzosiza ukuphuculula amakhaya angu-36 742 asemaphandleni aphinde aboleke imindeni engu-119 223 ngemali yokwakha nokuthuthukisa imizi.

Ukutholakala kwamathuba emisebenzi kudlala indima ebalulekile ekunciphiseni ububha kanye nokungalingani kwezomnotho. Yingakho nje UHulumeni andisa amathuba emisebenzi ngezinhlelo ezifana ne-Expanded Public Works Programme (EPWP), isikhwama sokudala amathuba emisebenzi (Jobs Fund), kanye nokuthuthukisa amakhono okusebenza.

ISITHOMBHE SOMNOTHO

- Umnotho we-Ningizimu Afrika uyaqhubeka ukhula, kodwa ngezanga elidondile kunobekulindelike ngaphambilini. Kulonyaka kubhekeke ukuthi umnotho ukhule ngamaphesenti angu-2.7, ngamaphesenti angu-3.5 ngo-2014, kanti abengu-3.8 ngonyaka ka-2015.
- Ukwenyuka kwezanga lokukhula komnotho kuncike kakhulu ekutshalweni kwezimali osomabhizinisi abazimele kanye nempumelelo yalelizwe ekuthengiseni imikhinqiso yalo kwamanye amazwe
- Izimboni zokumbiwa phansi ziyaqhubeka njengesinye sezisekelo zomnotho wezwe:
 - Zingumthelela obalulekile esikhwameni sentela ekhokhwa izinkampani kanye nemali eyenziwa yizwe ngokuhwebelana namanye amazwe
 - Zingomunye wemithombo esemqoka yezomnotho wezwe kanye namathuba emisebenzi
- Izimboni ezikhinqiza impahla zineqhaza elibalulekile ekukhuliseni umnotho kanye nentuthuko yezwe, kodwa kuneminye imikhakha ukubaluleka kwayo okwenyuka ngamandla.
- Amabhizinisi azimele yiwo azoba neqhaza elikhulu ekudalweni kwamathuba emisebenzi njengoba amaphesenti angu-77 emisebenzi evele edalwa yiwo
- Abantu abayizigidi ezingu-4.5 abanamsebenzi
- Iziteka kanye nokwenyuka kwezanga lokukhula kwamaholo ezisebenzi kuzocindezela ukudaleka kwamathuba emisebenzi, okuyisimo esesivele sintenga
- Ukungabibikho kwamathuba emisebenzi kudlange kakhulu kubantu abasebasha
- UHulumeni ucubungula izindlela zokugqugquzela izinkampani ezizimele kanye nalezozikaHulumeni ukuthi zivulele abantu abasebasha amathuba emisebenzi.

IMPATHO EPHEZULU YEZEMPILO YABO BONKE


Uncedo lwezempilo lokuqala lutholakala mahala futhi nosizo lwezibhedlela lutholakala ngamanani aphantsi aya ngomholo wesiguli. Izingane ezingaphansi kweminyaka eyisithupha, abesifazane abakhulelwe kanye nabantu abathola umxhaso kUHulumeni bathola ukwelashwa mahala.

Isabelo sezimali salonyaka sizakuthukisa izinhlelo zokuvikela ukungenwa kanye nokwelasha kwesandulela-ngculazi (HIV), ingculazi (AIDS) kanye nesifo sofuba (TB). Lesabelo sizophinde sengezelele ucwaningo lwezempilo kanye nokuthuthukiswa kwengqalasizinda yezempilo.

- Ezempilo zizokwabelwa amabhiliyoni angu-R429.2 kuleminyaka emithathu ezayo.
- Isamba esizigidi ezingu-R800 sabelwe ukwenyusa inani labathola imishanguzo yesandulela ngculazi ngezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu (500 000).
- Isamba sezigidi ezingu-R78 sabelwe

iNational Institute of Communicable Diseases ukuze lenhlangano ikwazi ukugada izifo ezidluliseka kalula ezifana no-rotavirus, pneumococcus, isandulela-ngculazi kanye nesifo sofuba.

- I-Medical Research Council izothula isamba esizigidi ezingu-R440 eminyakeni emithathu ezayo ukuthuthukisa izinhlelo zayo zocwaningo kanye nengqalasizinda, kanti futhi iphinde ixhase izinhlelo lapho ibambisana nezinye izinhlangano.
- Izifundazwe zizothola isamba samabhiliyoni angu-R29.5 ukuthuthukisa ingqalasizinda ezibhedlela zezifunda kanye namarijini, phakathi kwazo okukhona esase-Edendale, Natalspruit kanye nesase-Ekurhuleni.
- UMyango wezeMpilo uzakusebenzisa amabhiliyoni angu-R5 kwingqalasizinda yesisekelo mpilo (Primary Healthcare). Ingxenyane enkulu yalesabelo, okungamabhiliyoni angu-R3.2, ibekelwe ukuthuthukisa imitholampilo.



UELSIE UPHILA IMPILO ENHLE PHEZU KWESANDULELA NGCULAZI

uELSIE BOGATSWE uzibona enenhlahlala enkulu njengoba esaphila. Ngonyaka ka-1988 wathola ukuthi unegciwane lesandulela ngculazi, lokho okwamenza angamukelekile kahle emphakathini wangakubo owawungenalwazi ngaleli gciwane. Ngo 1994, impilo yakhe yaya ngokuntenga, kwathi ngesikhathi esephuthuma emtholampilo wayesebhekane nokufa. "Izinyawo

zami zaziqhaqha. Ngase ngondile, ubuso bami sebumhlophe. Umlomo wami umnyama. Nganginobala futhi nginamahloni. Ngangicabanga ukuthi ngizofa. Kwakuzokwenzakalani ngezingane zami?" kusho uElsie, onezingane ezintathu. Wahlala izinyanga ezintathu esibhedlela, lapho aphuma khona esezizwa enamandla. "Ngangizizwa ngikahle. Ngangibukeka ngimuhle", kusho uElsie. "Nganikwa ithuba

lokuphila, ngasengicabanga ukuthi kumele ngenze konke ngendlela efanele. Ngatshela umndeni wami ukuthi: angisafani nakuqala, ngiphila nesandulela ngculazi." Ngo2005, iCD4 kaElsie yaqala ukwehla wabeseqala esedla amaARVs. Njengomuntu owasizakala eCharlotte Maxeke Academic Hospital, ude evakashela eHIV/AIDs clinic njalo emva kwezinyanga eziyisithupha ukuyolanda amaARVs mahala nokuthi

abonane nodokotela. "Angazi noma abakhokhi bentela bayabona yini ukuthi basiza abantu abafana njengami", kuso uElsie. "Basiza mina nabanye abaningi. Siyabonga kakhulu ngokusisiza nokungasiyekeli ukuthi sife".




IQQQWAPHI LEMALI?

INTELA EQQIWEYO	2013/14	%
Intela ekhokhwa abantu	306 188	34
Intela yempahla ethengiswa ngaphakathi nezwe	31 265	3
Intela okhokhwa ngamashishini	169 830	19
Intela ezimpahleni ezivela kwamanye amazwe	41 340	5
Intela ekhokhwa uma kuthengwa (VAT)	242 990	27
Intela kaphethilomu	44 970	5
Enye intela	61 421	7
SEKUHLANGANISIWE KONKE	898 004	100

Isamba esikhulu semali eqoqwa UHulumeni unyaka nonyaka sitholakala kwintela ekhokhwa abasebenzayo, izinkampani kanye naleyo ebhatalwa yinoma ubani othenga impahla ezitolo (VAT). UHulumeni uphinde aboleke ezimakethe zezimali kuleli naphesheya ukuvala ithuba phakathi kwemali etholakala ngentela kanye nenani lemali edingeka ukufeza izinhlelo zakhe. Yonke imali etholwa UHulumeni ifakwa esikhwameni sokugcina imali yeSizwe (National Revenue Fund). Imali ezosetshenziswa ngonyaka ka 2013/14 engaphezulu kukaR1.1 thriliyoni izotholakala ngokuqoqwa kwentela ebalelwa kuR985.7 wamabhiliyoni kanye nemali yokubolekwa enguR163.7 wamabhiliyoni. Kulindeleke ukuthi isiboleko sikaHulumeni sifike R1.9 thriliyoni ngonyaka 2015/16. Emva kwalokhu kulindeleke ukuthi inani lesiboleko liqale ukwehla. UHulumeni uyabazi ubungozi obuza nokwenyuka kwenani lemali yeziboleko. Yingakho-nje UHulumeni eseqale ukushintsha indlela ahlela ngayo ukwabiwa kwemali. Ukulinganisa, UHulumeni uthathe isamba esingamabhiliyoni angu-R52.1 eminyangweni yonke yakhe wasabela kulezozidingo ezizimugogodla wohlela lwakhe, ikakhulukazi ezemfundo, ezempilo, ukhwakhiwa kwengqalasizinda kanye nokusungulwa kwamathuba emisebenzi.

IZOSEBENZA KANJANI LEMALI?



2013 ISABELO SEZIMALI NGAMAFUPHI

INTELA EHLONGOZWAYO

- Abakhokhintelu umholo wabo abawuthola kumqashi oyedwa futhi ongedluli kuR250 000 ngonyaka ngeke kusadingeka ukuba bagwalise ama-tax returns;
- Ukubonelelwa kosomabhizinisi abancane abakhokha intela futhi abagcina imithetho;
- Abahola imali ephansi bazobonelelwa abayikhokha nxa bethola izindlu kubaqashi;
- Kuzokwenyuswa inani lokubonelela amalunga omasibambisane bezempilo (Medical Aid Schemes);
- Zonke izindlela zokubekela umhlalaphansi sezizophathwa ngendlela efanele kwezentela;
- Osomabhizinisi abancane abasebenzela ezindaweni ezigunyazwe ngUHLumeni bazothola umhahiso wentela (tax incentives);
- Izolanganiswa intela ehlongozwayo ukwehlisa ukungcoliswa kwomoya, intela kagesi kanye nentela yokugqguzela ukusebenzisa ugesi ngokonga;
- Uxhaso lwentela lokukhuthaza abaqashi ukuthi bavule amathuba alabo abaqalayo ukufuna umsebenzi osemazingeni aphantsi ngokomholo.



IMALI YEZENTLALA -KAHLE

	2012/13	2013/14
Eyempesheni	1 200	1 260
Eyempesheni yabaminyaka ingaphezu kuka-75	1 220	1 280
Eyamasosha asemnkantsh' ubomvu	1 220	1 280
Eyabakhubazekile	1 200	1 260
Eyezintandane	770	800
Eyabadinga ukunakelelwa	1 200	1 260
Eyokondla izingane	280	290

INTELA YOTSHWALA NOGWAYI

Inhloso kaHulumeni ukuthi intela kwiziphuzo zewayini ihloswe ibe ngamaphesenti angu-23, ekabhiya ngamaphesenti angu-35 kuthi ekagologo ibe ngamaphesenti angu-48 entengo yaleziziphuzo ezitolo. Ekagwayi yona kuhloswe ukuthi ibe ngaphezulu kukahafu wenani likwagwayi esitolo. Ukuze lentela ingehli kulamazinga ahlosiwe, amanani alandelayo azokwenyuka kanje:

	Ubhiya	- intela izonyuka ngamasenti angu 7.5c iye kuR1.08 ikani eliwu 340ml
	Iwayini elihluziwe	- intela izonyuka ngo 19.5c ibhodlela eliwu 750ml
	Iwayini elingahluziwe	- eyalo izonyuka ngo15c ibhodlela eliwu 750ml
	Iwayini eliphuphumayo	- eyalo izonyuka ngo 56c ibhodlela eliwu 750ml
	Ezokuqeda ukoma nezinongwe ngezithelo	- intela yalo izonyuka ngamasenti angu 7.3 ibhodlela eliwu 330ml
	Ugologo	- intela yawo izonyuka ngo R3,60 ibe ngu-R39.60 ibhodlela eliwu 750ml
	Ugwayi	- intela yawo izonyuka ngo-60c iye ku-R10,92 iphakethe le 20
	Ugwayi wenqayi	- intela yawo izonyuka ngo 32c iye ku-R3,54 ngesikaliso sama-gram angu-25

INTELA YOKUNAKEKELWA KWENDALO IYENYUKA

	Intela kaphethilomu	Kusukela mhla zintathu kuApril 2013, intela kaphethilomu izonyuka ngamasenti angu 15 ilitha iye ku R2.13 kanti eya emgodleni wezingozi ezenzeka emgwaqeni (Road Accident Fund) izonyuka ngamasenti angu 8 ilitha.
	Intela yezikhwama zepulasitiki	Intela kulezikhwanyana kuhloswe ngayo ukugqguzela abathengi ukuthi behlise ukusebenziswa kwazo. Lentela ke izonyuka ekuqaleni kuka-April nonyaka ngamasenti amabili iye kwayisithupha.
	Intela yama bulb adla ugesi ngamandla	Ukugqguzela ukusetshenziswa kwezikhanyisi (bulbs) ezidla ugesi kancane, lawa ejwayelekile aba nentela kusukela ngo2009. Intela yezikhanyisi ezindla ugesi kakhulu izonyuka nge-R1 iye ku-R4 ekuqaleni kuka-April.
	Intela yomoya odungekule okhishwa izimoto	Lentela yenzelwa ukugqguzela ukuthengwa kwezimoto ezingakhiphi kakhulu umoya odungekile. Izonyuka-ke lentela kulabo abasasebenzisa izimoto ezinobungozi emvelweni kusukela mhla lulunye kuApril 2013. Izimoto ezincane zizonuselwa kusukela ku-R75 kuya ku-R90, ngalelo nalelo gram lalomoya ophuma ngalo lonke ikhilomitha elingaphezulu kuka-120 gCO2/km. Loluhlobo lwezimoto ezibizwa ama-double cabs izonyuka kusuka ku-R100 kuya ku-R125 lelo nalelo gram lomoya odungekile elingaphezulu kwamakhilomitha awu 175 gCO2/km.

INTELA EHLONGOZWAYO EZIMPAHLENI EZISEBENZA NGOGESI NEZINSIZA EZITHENGWA EMAZWENI ANGAPHANDLE

	Intela ezimpahleni zagesi ezisuka amazweni angaphandle	UHLumeni uhlongoza ukuthi amabhizinisi asemazweni angaphandle adayisa kulelizwe izincwadi ezifundwa kumacomputer, umculo kanye nezinye izimpahla ze-electronics kuzomele abhalisele intela eyaziwa nge-VAT kusukela ngosuku olusazokwaziswa. Lesinyathelo kuhloswe ngaso ukuthi amabhizinisi akulelizwe adayisa loluhlobo lwezimpahla aphaathwe ngokufanayo kwezentela nalawo aphehaya ancintisana nawo.
--	---	--



UHLELOZIMALI OLUBONELELA ABAKHOKHI INTELA

Abakhokhi intela bathola ukuphefumula ngenxa yokubonelelwa ngenani lentela elingamabhiliyoni angu-R7. Amazinga (brackets) okukalwa ngawo izigaba zentela nawo ashintshiwe ukuze abakhokhi intela bangazitholi sebebhada intela enkulu ngenxa yokwehla kwezinga lamandla email. Inani lomholo okufanele ufike kulo ngaphambi kokukhokha intela izonyuka enyakeni wentela ka 2013/14 kanjena:

Unyaka wentela: 01 March 2013 kuya ku 28 February 2014	
Ongaphansi kweminyaka ewu 65	R67 111
Oneminyaka ewu 65 - 74	R104 611
Oneminyaka ewu 75 nangaphezulu	R117 111

Imali eyisiphulelo kwabakhokha intela njalo ngonyaka izokwenyuka kanje:

Unyaka wentela	1 March 2012 kuya ku 28 February 2013	1 March 2013 kuya ku 28 February 2014
Etholwa yibo bonke abakhokha intela	R11 440	R12 080
Eyisingezelelo kwaba no-65 - 74	R6 390	R6 750
Eyisingezelelo kwaba-75 weminyaka nangaphezulu	R2 130	R2 250

Isibonelelo sentela samalunga omasibambisane bezempilo (medical aid schemes)

Ilungu likamasibambisane wezempilo lizothola isibonelelo esingur242 njalo ngenyanga (sisuka kuR230) ngabantu ababili bokuqala abazusa (beneficiaries) ngobulunga bakamasibambisane. Ngaphezu kwalaba ababili bokuqala, ilungu liyophinde libonelelwe ngo-R162 ngenyanga (inani elisuka kuR154) ngawo wonke omunye umuntu ozuza ngobulungu balo. Lolushintsho luzosebenza kunyaka wentela oqala ngo-1 March 2013, uphele ngo-28 February 2014.

LIBE UMTHOMBO WOLWAZI? LELIPHEPHA KUWE

SMS Yebo noma Cha ku
44112
i-SMS ngayinye ibiza 50c.